# Kusolwa inhlese yezepolitiki kweyepulazi

## EZOMPHAKATHI: Kuthiwa linothe ngamalahle

THAMI SHANGASE

SELUYINZUKAZIKEYI ukufa kwekati udaba lombango wepulazi eliphethwe yiKwaMaduna Community Trust, eVryheid, enyakatho yeKwaZulu-Natal.

**ILANGA LangeSonto** lithole ukuthi ikomiti elisha elikhethiwe maqede lagunyazwa ngu-*Master of High Court*, eMgungundlovu, maphakathi yeKwaZulu-Natal, lichithwe yiNkosi yesizwe sakwaMthethwa, eDumbe, enyakatho yeKwaZulu-Natal, kwazise leli pulazi lingaphansi kwendawo yayo.

Umphakathi ohlala kuleli pulazi kuthiwa usuhlukene phakathi kwazise kukhona abahambisana nekomiti elisha okuthiwa likhethwe ngokungemthetho nelidala elikhishwe isikhathi singakafiki.

Kuthiwa kunamalungu omphakathi antshontsha izinkomo maqede azidayisele abanikazi bamapulazi angomakhelwane.

Kusolwa uSihlalo wekomiti elisha, uMnu Jabulani Buthelezi, okuthiwa uhamba phambili kulesi senzo.

Ngeledlule kuthiwa udayisele umnikazi wepulazi izinkomo zasepulazini ngaphandle kwemvume yomphakathi. Ezinye izinkomo kuthiwa ziyahlatshwa zidliwe kubuswe nje kungonakele lutho.

Umphakathi uthengelwe izinkomo ezingaphezulu kwe-165 ukuze bazokwazi ukuzikhulisa, uma seziningi zidayiselwe abamapulazi ezinye zidayiselwe amadela.

Kakuzona zonke kodwa kuphinde kwathengwa amaloli, ogandaganda nemishini eyizinsiza-kusebenza epulazini.

Lezi zinto bekuhloswe ngazo ukwelekelela abantu baleli pulazi ukuze bezokwazi ukuqhubeka basebenze kwazise belibuyiswe ngumnikazi walo ngowezi-2008.

### ISINXEPHEZELO

UMnyango WezoLimo nezokuThuthukiswa kwezindawo zasemakhaya uthenge leli pulazi ngezigidi ezingama-24. Kuthiwa umnikazi wepulazi uthathe izigidi ezili-11 kwathi ezili--13 wathi uzosiza ukunxephezela abantu abahlala epulazini ukuze bakwazi ukulisebenzisa.

Umphakathi usola uNkz Ntombifuthi Khumalo, ongusihlalo waleTrust ukuthi nguyena oththe le mali.

Uphenyo lwaleli phephandaba luthole ukuthi kayikho imali ethathwe nguNkz Khumalo kwazise imali eyashiywa ngumnikazi wepulazi kayikaze ingene kwi-*account* ye-*trust*.

Oshicilelweni lwe**LANGA Langesonto**, kubikwe ukuthi uNkz Khumalo uvumile ukuthi izinkomo nezinsiza-kusebenza kwepulazi wakuthatha ngoba umphakathi ubukudayisa.

Empeleni lezi zinto akazithathanga njengoba bekubikiwe kodwa wabikela amaphoyisa ukuthi kukhona abantshontsha izinto zepulazi.

Phambilini uNkz Khumalo kuthiwa uke wahlaselwa ngabantu abangaziwa, badubula emzini wakhe kwalimala ingane yakhe ebilele embhedeni kusolwa wona umbango waleli pulazi.

Abahlaseli kuthiwa kabamtholanga uNkz Khumalo kwazise ubengena ebusuku emsebenzini.

Phakathi kokunye okutholwe yileli phephandaba wukuthi izinxushunxushu ezingaphakathi kuleli pulazi zibangelwa yinhlese yezepolitiki kwazise kukhona abanezinhloso zokuvula imayini kulona.

Kuthiwa kutholakale ukuthi kukhona amalahle kule ndawo, ngakho osopolitiki abaningi banenhloso yokulithatha.

Kumanje kuthiwa kusetshenziswa abantu ukuba bavukele ikomiti elidala ngenhloso yokulikhipha ukuze lizothathwa ngabathile.

> **Umhlangano okhethwe kuwona leli komiti kawukho emthethweni ngakho izinqumo ezithathwe kuwona nokunye okwenziwe kuyize leze.**

### IKOMITI ELISHA

Kunekomiti elisha eselizibhalise ku-Master of High Court lilekelelwa yizikhulu zoMnyango wezoLimo nezokuThuthukiswa kweziNdawo zaseMakhaya, emahhovisi ase-Vryheid.

Leli komiti likhethwe eminyakeni emibili edlule kodwa lize labhaliswa kulo nyaka ngokusemthethweni.

Ummeli kaNkz Khumalo uMnu Lourens de Klerk, ubhalele umnyango ewazisa ukuthi ukukhethwa kwaleli komiti elibhaliswe ngenyanga edlule ukuthi lisha kakukho emthethweni.

Leli komiti eliholwa nguMnu Jabulani Buthelezi kuthiwa lakhethwa ngowezi-2013 kwathiwa ngelesikhashana, ekubeni elidala lingakasiqedi isikhathi salo.

UMnu de Klerk ucaphune umthetho-sisekelo wale *trust*, kwizigaba eziphikisana nalokhu okwenziwe yisikhulu somnyango (**ILANGA LangeSonto** elinalo igama laso). Uthi umthetho-sisekelo ukubeka ngokusobala ukuthi ikomiti likhishwa ngemuva kweminyaka emihlanu.

Kuthiwa uma lizokhishwa kumele laziswe kusasele izinsuku ezingama-21 ngaphambi kokuba kuhlale umhlangano, ukuthi kuzodingidwa udaba lokuba lisuswe kufakwe elisha. Futhi lokhu kuthiwa kumele kwenziwe kube yisiphakamiso sokuthi lizokhishwa, kungamane nje libhozomelwe.

Kulo mthetho-sisekelo **ILANGA LangeSonto** elinayo ikhophi yawo, kuthiwa lelo komiti elikhishwayo kumele linikezwe ithuba lokwenza umbiko maqondana nokusebenza kwe-*trust*, kufundwe nezitatimende ezichaza ukungena nokuphuma kwezimali.

Umhlangano kuthiwa kawuvele ubizwe nje kodwa kumele ulungiselelwe kusasele izinyanga ezintathu ngaphambi kokuphela konyaka walo wezimali.

Kakunoma wubani oyobiza umhlangano wokuba kukhethwe.

Kuvela nokuthi yizindlalifa (beneficiaries) kuphela ezinelungelo lokuvota uma sekuwumhlangano waminyaka yonke.

### INCWADI YOMMELI

Ummeli uthi ikomiti elidala likhethwe ngoZibandlela (December) wezi-2008, ngakho iminyaka emihlanu ibingakapheli njengoba selisuswa esikhundleni.

Encwadini ayibhale ngowe-2013, lo okukhethwe ngawo, eyiqondise kumnyango, ukuvezile ukuthi izikhulu zawo bekungamele zibize umhlangano ngoba kazinalo ilungelo lokwenza lokhu ngoba akalona ilungu le-*trust*.

Umhlangano kuthiwa kumele ubizwe ngusihlalo noma yiphini lakhe abanelungelo lokuvotisa.

Uma sekuvotwa kuthiwa kakumele kuphakanyiswe izandla okwezingane esikoleni, kodwa indlalifa ngayinye kumele iye egunjini lokuvota ifike ibhale khona ivoti layo.

UMnu de Klerk encwadini ayithumelele umnyango uthi umhlangano okukhethwe kuwona leli komiti kawukho emthethweni, ngakho izinqumo ezathathwe kuwona nokunye okwenziwe kuyize leze.

Kule ncwadi yakhe uphinde waveza ukuthi uMnu Jabulani Buthelezi, ongusihlalo wekomiti elisha, akasiyona indlalifa kodwa ngamalungu omndeni wakhe ayizona, ngakho akanalo ilungelo lokuba angakhethwa ahole le *trust*.

Uthi futhi ukweleta i-*trust* u-R61 200, ngakho kakukwazi nangengozi ukuthi angaba ngusihlalo. UMnu Siphelele Khumalo oyiphini likaSihlalo, uMnu Abel Khumalo onguMgcinimafa, uMnu Mthembu nowakwakhe uMaShezi abangamalungu engeziwe, kabazona izindlalifa futhi kabaveli ohlwini lwabafaka isicelo somhlaba, ngakho kabakulungele ukuba bakhethwe ezikhundleni.

UMnu Buthelezi uthi yena uyindlalifa ngokuphelele kwazise amalungu omndeni wakhe ahlala khona kuleli pulazi. Uthi kakukho mali ayikweleta i-*trust*, ungene ehlathini laleli pulazi wagawula izingodo wazidayisa ngakho udinga iziliphu ezicacisa ukuthi ukweleta bani.

Uthi wumnyango owabatshela ukuthi makukhethwe ikomiti elisha ngoba elidala kalenzi lutho.

Uvumile ukuthi inkosi ilihlakazile ikomiti labo nokuthi kunezinkomo abazidayisele umnikazi welinye lamapulazi eVryheid kodwa zagcina sezilandwa ngoba kukhona abathi zebiwe.

Uthi bebengazebanga lezi zinkomo kodwa bawazisile umphakathi ukuthi zizodayiswa ngoba badla imbuya ngothi.

Ummeli utshele umnyango ukuthi konke lokhu abebekwenza bekhetha, bebesinisa amahleza nje ngoba bekungekho emthethweni.

Nalelo komiti okwathiwa ngelesikhashana likhethwe ehlathini nje kwazise leli elidala belingakakhishwa.

Imizamo yokuthola izikhulu zalo mnyango iphunzile, ucingo lwasehhovisi eVryheid belukhala lungabanjwa muntu.